Isifundo 2

**Ntulikazi 1-7*

Igunya neVangeli likaPawulu

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda:
2 Petru 3:15, 16; Galathiya 1; Filifi 1:1; Galathiya 5:12.

Indimana Yekhanda:
“Ngokuba manje ngizincengela kubantu noma kuNkulunkulu na?Kukho, ngifuna ukuzikholekisa kubantu yini? Uma benisazikholekisa kubantu, kungaba angisiyo inceku kaKristu” (Galathiya 1:10).

Abafundi enyuvesi bakha isikhungo emagcekeni enyuvesi lapho wonke umuntu—kungakhathalekile ukuthi uluhlanga luni, bulili buni, zinga lini, nkolo yini—bamukelekile bonke. Cabanga nje uma ngemuva kweminyaka ethile labafundi sebebuyela enyuvesi, bathole ukuthi abanye abafundi sebesakhe ngenye indlela isikhungo. Esikhundleni kwegumbi elikhulu elinendawo ebanzi yokuphola—eyakhelwe ukuletha umuzwa wobunye kuwo wonke umuntu lapho—lelo gumbi selehlukaniswe kaningi futhi sekungena abakhethiwe, kuya ngohlanga lomuntu, ubulili bakhe, njalonjalo. Abafundi abasakha kabusha isikhungo bebengathi igunya labo lokwenza izinguquko livela emasikweni asenamakhulu eminyaka ekhona.

Lokhu kufana nesimo ayebhekene naso uPawulu uma ebhalela amabandla aseGalathiya. Icebo lakhe lokuthi abezizwe bamukelekile ukungena ebandleni ngokukholwa kuphela, laliphonselwa inselele abafundisi bamanga ababegcizelela ukuthi abezizwe kudingeka basokwe ngaphambi kokuthi babe amalunga.

UPawulu wabona ukuthi lesi simo sasihlasela umongo wevangeli uqobo; kanjalo kwadingeka ephendulile. Impendulo yakhe kwaba yincwadi ebhalelwe abaseGalathiya.

UPawulu, Umbhali Wencwadi

Funda ku 2 Petru 3:15, 16. Lezindimana zisitshelani mayelana nokuthi ibandla lakuqala lalikubuka kanjani okubhalwe nguPawulu na? Lokhu kusifundisani ngendlela okusebenza ngayo ukuphefumulelwa uMoya na?

Ngenkathi uPawulu ebhalela abaseGalathiya wayengazami ukubhala incwadi yobuchwepheshe bolimi. Kunalokho, ngokuholwa nguMoya oNgcwele, uPawulu wayekhulumela phezu kwezimo ezithile ezazimthinta yena kanye nabazalwane baseGalathiya. Izincwadi ezifana neyabaseGalathiya zazidlala indima edingekayo emsebenzini kaPawulu wokuba umphostoli. Njengothunyelwe kwabezizwe, uPawulu waseka amabandla amaningi ayesakazeke eduze noLwandle Olukhulu (Mediterranean). Noma nje wayewavakashela njalo lamabandla uma ethola ithuba, wayengakwazi ukuhlala endaweni eyodwa isikhathi eside. Ukuze avale leso sikhala sokungabikho kwakhe, uPawulu wayebhalela amabandla izincwadi ukuze awanike iziyalo. Ekuhambeni kwesikhathi, izincwadi zikaPawulu kwabelwana ngazo namanye amabandla (Kolose 4:16). Nakuba ezinye izincwadi zikaPawulu zalahleka nje, kodwa zikhona eziyishumi nantathu eTestamenteni eliSha ezinegama lakhe. Futhi njengoba lamazwi angenhla avela kuPetru ebonakalisa, ngesinye isikhathi izincwadi zikaPawulu zazithathwa njengeMibhalo. Lokhu kuyatshengisa ukuthi umsebenzi wakhe wevangeli wathola igunya elingakanani emlandweni webandla lisasuka phansi. Ngesinye isikhathi amanye amaKrestu ayekholwa ukuthi indlela abhala ngayo uPawulu eyakhe yedwa—indlela ekhethekile eyenziwe uMoya ukuze iqukathe izwi likaNkulunkulu eliphefumulelwe. Lombono waguquka lapho abafundi ababili abasebasha abavela eOxford, uBernard Grenfell no Arthur Hunt, bethola eGibhithe izingcezu ezingu 500 zemibhalo yasendulo okuthiwa yipapyrus (okwakubhalwa kukho emakhulwini eminyaka ngaphambi nangemuva kokufika kukaKrestu). Ngaphezu kokuthola ezinye izinxenye ezindala zeTestamente eliSha, bathola ama-invoice, izincwadi zentela, amarisidi, nezincwadi eziqondene nomuntu ngqo. Okwamangaza wonke umuntu, indlela ayebhala ngayo uPawulu yayifana neyabanye ababhali besikhathi sakhe. Zazihleleke kanje: (1) Ukuhasha ekuqaleni, lapho kwakugagulwa khona obhalayo nobhalelwayo, kube khona ukubingelela; (2) izwi lokubonga; (3) indikimba yencwadi, bese ekugcineni (4) izwi lokuvala. Ngamafuphi, uPawulu wayelandela indlela yokubhala yesikhathi sakhe, ekhuluma nalabo ayephila nabo ngendlela abayejwayele.

Ukuba iBhayibheli belingabhalwa namhlanje, ucabanga ukuthi uNkulunkulu wayengasebenzisa indlela enjani, abhale-phi ukuze afinyelele kithina?

Ubizo LukaPawulu

Nakuba izincwadi zikaPawulu zivame ukulandela indlela yokubhala yasendulo nje, eyabaseGalathiya inokuningi okwehlukile, okungatholakali kwezinye izicwadi zikaPawulu. Uma sibheka, sizothola ukuthi lomehluko usisiza ukuba siqonde kangcono isimo uPawulu ayekhulumela phezu kwaso.

Qhathanisa ukuhasha kukaPawulu ekuqaleni kwabaseGalathiya 1:1,2 naleso asibhale kwabase Efesu 1:1, abaseFilipi 1:1, naku 2 Thesalonika 1:1. Yikuphi okufanayo nokwehlukile kumaGalathiya nezinye izincwadi?

Ukubingelela kukaPawulu kwabaseGalathiya akugcini-nje ngokuba kude kunakwezinye izincwadi zakhe, kodwa futhi uthatha isikhathi echaza ngegunya lakhe lokuba umphostoli. Igama elithi umphostoli lisho "umuntu othunyiwe" noma "isithunywa." ETestamenteni eliSha, uma sekugxilwa, lisho labo balandeli bakaJesu abayishumi nambili bokuqala, nabanye uKrestu ovukile azibonakalisa kubona wabathuma ukuba babe ofakazi baKhe (Gal. 1:19, 1 Kor. 15:7). UPawulu umemezela ukuthi naye uphakathi kwalesixuku esikhethekile. Ukuthi uPawulu uphikisana ngendlela enamandla nokuthi ubuphostoli bakhe busekelwe phezu kwanoma yimuphi umuntu, kusinika umqondo wokuthi kwakukhona imizamo phakathi kwabanye baseGalathiya yokudicilela phansi igunya lakhe lobuphostoli. Ngasizathu sini na? Njengoba sesibonile, abanye ebandleni babengeneme ngesigijimi sikaPawulu sokuthi ukusindiswa kuya ngokukholwa kuKrestu kuphela, hhayi ngemisebenzi yomthetho. Babebona sengathi ivangeli likaPawulu laliphikisana nokugcinwa komthetho. Labaphehli bodushe babesebenze ngezindlela eziphansi. Babazi ukuthi isisekelo sesigijimi sevangeli likaPawulu sasihlangene-ngqo negunya lakhe lobuphostoli (Johane 3:34), base bezimisela ngokulihlasela ngamandla lelo gunya. Noma kunjalo, abazange bakuphike ngokuphelele ubuphostoli bukaPawulu; bavele bathi abubalulekile ngempela. Mhlawumbe babegcizelela ukuthi uPawulu wayengesiye omunye wabalandeli bakaJesu bokuqala; ngakhoke igunya lakhe lalingaveli kuNkulunkulu, kodwa ebantwini—mhlawumbe kubaholi bebandla baseAntiyokiya okuyibona abajuba uPawulu noBarnaba njengabavangeli kwelinye izwe (Izenzo 13:1-3). Noma mhlawumbe igunya lavela kuAnaniya, okunguyena owabhabhadisa uPawulu (Izenzo 9:10-18). Ngokucabanga kwabo, uPawulu wayeyisithunywa-nje esivela eAntiyokiya noma eDamaseku, akukho okunye. Kanjalo-ke babethi isigijimi sakhe kwakuwumbono wakhe nje, hhayi izwi likaNkulunkulu. UPawulu wayibona ingozi engalethwa yilezinkulumo, ngakhoke washeshisa wavikela ubuphostoli bakhe abunikwe uNkulunkulu.

Yiziphi izindlela ezingumshoshaphansi okuhlaselwa ngazo namhlanje igunya leBhayibheli ngaphakathi ebandleni lethu? Singazibona kanjani lezinselele na? Okubaluleke kakhulu ke, ibe namthelela muni endleleni ocabanga ngayo wena mayelana negunya leBhaybheli?

Ivangeli LikaPawulu

Phezu kokuvikela ubuphostoli bakhe, yini enye ayigcizelelayo uPawulu ekubingeleleni kwakhe kwabaseGalathiya na? Qhathanisa uGal. 1:3-5 abaseEfesu 1:2, Filipi 1:2, nabaseKolose 1:2.

Olunye uphawu lwezincwadi zikaPawulu olungandile, yindlela axhumanisa ngayo igama elithi umusa nelithi ukuthula esibingelelweni sakhe. Ukuhlanganiswa kwalamagama amabili yindlela eyayejwayelekile yokubingelela kumaGriki namaJuda. Lapho umbhali womGriki wayengabhala athi"Ngiyanibingelela" (chairein), uPawulu yena uthi "Umusa," okuyigama elicishe lizwakale ngokufanayo olimini lwesiGriki (charis). UPawulu ubese ejobelela ukubingelela okwejwayelekile kwesiJuda esithi "Ukuthula." Ukuhlanganiswa kwalamagama akwenzelwe ubumnandi benkulumo nje. Kunalokho, lamazwi achaza isigijimi sevangeli lakhe. (Empeleni uPawulu usebenzisa lamagama amabili ngaphezu kwanoma yimuphi omunye umbhali eTestamenteni eliSha.) Umusa nokuthula akuveli kuPawulu, kodwa kuvela kuNkulunkulu uBaba neNkosi uJesu Krestu.

Yimiphi imikhakha yevangeli uPawulu ayibandakanyayo kumaGalathiya 1:1-6?

Yize noma uPawulu enendawo encane esibingelelweni sakhe sokwenaba ngohlobo lwevangeli, usebenzisa ubuchule ukuchaza ingqikithi yevangeli esebenzisa izindimana ezimbalwa nje. Iyini ingqikithi yeqiniso levangeli? Ngokusho kukaPawulu, akusikho ukulalela kwethu umthetho—okuyiphuzu izimbangi zikaPawulu ezazibambelele kulona. Kunalokho, ivangeli lesekelwe ngokuphelele kulokho uKrestu asenzela kona ngokufa kwaKhe esiphambanweni, novuko lwaKhe ekufeni. Ukufa kukaKrestu novuko lwaKhe kwenza into thina esasingeke sikwazi ukuzenzela yona. Kwanqamula amandla esono nokufa, kwakhulula abalandeli baKhe emandleni obubi obuthumbe abaningi kangaka ngovalo nobugqili. Ngesikhathi uPawulu esazindla ngezindaba ezimangalisayo zomusa nokuthula uNkulunkulu asenzele kona ngoKrestu, ufikelwa ukudumisa, okubonakala endimaneni 5.

Ngamazwi alingana nalawo asetshenziswe uPawulu kumaGalathiya 1:1-5, bhala ukuthi uliqonda kanjani ivangeli. Woza nalokho okubhalile eklasini ngeSabatha.

Alikho Elinye Ivangeli

Yini evame ukulandela isibingelelo avula ngaso uPawulu ezincwadini zakhe? Yehluke kanjani eyamaGalathiya na? Qhathanisa amaGalathiya 1:6 namaRoma 1:8, 1 Korinte 1:4, Filipi 1:3, kanye namaThesalonika 1:2.

Nakuba uPawulu ekhuluma ngezinselele nezinkinga ezehlukene ezincwadini azibhalele amabandla, waqhubeka nomkhuba wokulandelisa isibingelelo avula ngaso ngezwi lomthandazo noma ukubonga uNkulunkulu ngenxa yokholo lwabazifundayo. Uze akwenze lokhu nasezincwadini ezibhalelwe abaseKorinte, ababezibandakanya nokuziphatha okungafanele (qhathanisa 1 Korinte no 5:1). Isimo eGalathiya sibi kangangoba uPawulu akabhali ngokubonga, kodwa uvele aqonde ngqo odabeni.

Amazwi athini aqosheme asetshenziswa uPawulu ukutshengisa ukukhathazeka kwakhe ngalokho okwakwenzeka eGalathiya na? Funda kwabaseGalathiya 1:6-9, 5:12.

UPawulu washiya angalazi ngesikhathi esola abaseGalathiya. Ngenye indlela, ubasola ngokululaza ubizo lwabo njengamaKrestu. Eqinisweni, igama elisho ukuhlubuka elisetshenziswe kundimana 6, lalivame ukuchaza amasosha ayelahla ukwethembeka kwawo ezweni lakubo ngokuthi ashiye impi. Ngokwasenkolweni, uPawulu uthi abaseGalathiya babe amambuka ayefulathela uNkulunkulu. AbaseGalathiya babemflathela kanjani uNkulunkulu? Ngokuphendukela kwelinye ivangeli. UPawulu akasho ukuthi maningi amavangeli, kodwa uthi kwakukhona abanye ebandleni okwakuthi ngokufundisa kwabo ukuthi ukukholwa kuKrestu kukodwa akwenele (Izenzo 15:1-5)—babenza sengathi kukhona elinye ivangeli. UPawulu ukhathazeke kangaka ngalokhu kuhlanakezelwa kwevangeli kangangoba ufisa sengathi noma ubani oshumayela lelivangeli elehlukile angathola isiqalekiso sikaNkulunkulu (Gal. 1:8). UPawulu uligcizelela leliphuzu aze akusho kabili lokhu (Gal. 1:9).

Kukhona umkhuba namhlanje, nasemabandleni ethu kwezinye izindawo, wokugqamisa amava ngaphezu kwemfundiso. Abenza lokho bathi into ebaluleke kakhulu, amava ethu, ubudlelwane bethu noNkulunkulu. Noma ebalulekile nje amava, umbhalo kaPawulu lapha usifundisani ngokubaluleka kwemfundiso

Umsuka Wevangeli LikaPawulu

Abaphehli bothuthuva eGalathiya babethi ivangeli likaPawulu empeleni laliqhutshwa yisifiso sakhe sokunconywa abanye abantu. Ukuba wayefuna ukunconywa abantu nje, yini uPawulu ayengayenza ngenye indlela encwadini yakhe na? Cabanga ngo Gal. 1:6-9, 11-24

Kungani uPawulu engagcizelelanga ukuthi abazalwane basezizweni basokwe na? izimbangi zakhe zazithi kungenxa yokuthi uPawulu wayefuna kuphenduke abantu noma ngabe kubizani. Mhlawumbe bacabanga ukuthi ngenxa yokuthi uPawulu wayazi ukuthi abezizwe babengeke bakwamukele kahle ukusoka, wayebathambisela. Wayengofuna ukuthokozisa abantu! Ukuphendula lezo zinsolo uPawulu ukhomba izimbangi zakhe emazwini ashubile ayesanda kuwabhala ezindimaneni 8 no 9. Ukuba wayenake ukunconywa, wayengaphendula ngenye indlela.

Usholoni uPawulu ukuthi kungenzeke ukuba umlandeli kaKrestu kodwa ube uzama ukuthokozisa abantu?

Ngemuva kwamazwi kaPawulu ezindimaneni 11 no 12 okuthi wamukela ivangeli negunya lakhe livela kuNkulunkulu ngqo, amazwi akhe ezindimaneni 13-24 aligcizelela kanjani leliphuzu?

Izindimana 13-24 zisinika umlando ngesimo sikaPawulu ngaphambi kokuphenduka kwakhe (izind. 13, 14), ekuphendukeni kwakhe, (izind. 15, 16), nakamuva (izind.16-24). UPawulu uthi izimo ezazihambisana nalezigameko zontathu zenza kube yinto engenzeke nakancane ukuthi umuntu angathi wamukela ivangeli lakhe komunye ongesiye uNkulunkulu. UPawulu ngeke ahlale phansi agoqe izandla ngesikhathi abantu becekela phansi isigijimi sakhe ngokungabaza ubizo lwakhe. Uyakwazi okwenzeka kuyena, uyazi ukuthi wabizelwa ukufundiseni, futhi uzokwenza lokho, noma ngabe kubizani.

Uqiniseke kangakanani ngobizo lwakho kuKrestu na? Ungakwazi kanjani ngokuqinisekile lokho uNkulunkulu akubizele ukuthi ukwenze na? Khona manjalo, noma ngaze kube uqinisekile ngobizo lwakhe, kungani udinga ukulalela iziyalo zabanye?

Ukujula Nomcabango:

"Cishe kuwo wonke amabandla kwakukhona amalunga angamaJuda ngokuzalwa. Abaholi bezenkolo bamaJuda bathola ukungena kalula kulabantu ababesanda kuphenduka, basebenzisa bona ukugaxela emabandleni. Kwakungeke kwenzeke ngokusebenzisa imiBhalo ukuphikisa izimfundiso ezazifundiswa uPawulu; ngakhoke basebenzisa amaqhinga obuqola ukulwisana nomsebenzi nomthelela kaPawulu nokululaza igunya lakhe. Babethi uPawulu akasiye umfundi kaJesu, futhi wayengathunyiwe uJesu; bathi wazigxavulela umsebenzi wokufundisa izimfundiso eziphikisana ngokuqonde ngqo nalezo zikaPetru, uJakobe, kanye nabanye abaphostoli…. Umphefumulo kaPawulu wathinteka uma ebona ububi obabufuna ukuchitha lamabandla. Washeshisa wabhalela abaseGalathiya, eveza obala izimfundiso zabo zamanga, wabathethisa ngentukuthelo enkulu labo abase begudlukile enkolweni."—Ellen G. White, *Sketches From the Life of Paul*, amakhasi 188, 189.

Imibuzo Yokuxoxisana:

• Eklasini, fundani izincazelo ngalokho enikholwa ukuthi liyini ivangeli. Singafundani ngokubhalwe abanye?

• Esibingelelweni sikaPawulu kwabaseGalathiya, uyamemezela ukuthi ukufa kukaJesu kwakunesizathu esithile. Kwakuyini leso sizathu, futhi kusho ukuthini kithina namhlanje?

• KwabaseGalathiya 1:14 uPawulu uthi wayeshisekela kakhulu amasiko awoyise. Uma ethi "amasiko" kunokuba usho kokubili amasiko abafarisi akhulunywa ngomlomo kanye neTestamente eliDala uqobo. Yini indawo (uma ikhona) yamasiko enkolweni yethu? Yisiphi isexwayiso amava kaPawulu angasinika sona thina namhlanje mayelana nodaba lwamasiko?

• Kungani uPawulu wayebonakala engenakho ukubekezelela labo ababekholwa ngokwehlukile kunaye? Phinda ufunde ezinye izinto azibhala ngalabo ababenombono owehlukile ngevangeli. Angabukwa kanjani namhlanje ebandleni lethu umuntu onemibono engagobi ngalendlela?

Ngokufingqiwe:

Abafundisi bamanga eGalathiya babezama ukucekela phansi umsebenzi kaPawulu ngokuthi ubuphostoli nesigijimi sakhe sevangeli kwakungaveli kuNkulunkulu. UPawulu wanqwamana nazo zombili lezi nsolo eindimaneni zokuqala zencwadi yakhe kwabaseGalathiya. Usho ngesibindi ukuthi inye kuphela indlela yokusindiswa, bese echaza ngendlela izigigaba eziphathelene nokuphenduka kwakhe ezitshengisa ngayo ukuthi ubizo lwakhe nevangeli lakhe kwakuvela kuNkulunkulu.

Notes